Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

04/2016 Intshumayelo ngesonto 4 esikhathini seAdvente, ngomhla ka 20. 12. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kwabaseFiliphi 4:4-5b, lithi: **"Thokozani eNkosini njalonjalo; ngiyaphinda ngithi: Thokozani. Ukubekezela kwenu akwaziwe ngabantu bonke; iNkosi iseduze."**

1. Iculo 35/38

2. Umkhuleko: Nkosi, Nkulunkulu Baba othandekayo osezulwini, siyabonga, sibonga ofakazi bakho owasithumela bona nosasithumela bona nanamuhla abafakaza ngeNkosi yethu uJesu, banike njalo amandla nesibindi salokhu bafakaza ngesibindi nangeqiniso nobuqotho. Sizicelela nathi kanye nabo ukuba usiphe njalo uMoya wakho wokwahlula njalo izifundiso zamanga ezinobuqili bukaSathane, singadukiswa yiziwengu-wengu zezifundiso zamanga. Sithokoze eNkosini njalonjalo, sithokoze ngezwi layo ukuthi liseduze nathi. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 52:7-10;
   Iphistola lohlelo lwesine lilotshiwe ku 2 kwabaseKorinte 1:18-22;
   Ivangeli lohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 1:29-56.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 36/39
6. Umkhuleko wofundayo intshumayelo

7. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseFiliphi 4:4-7, lithi: "Thokozani eNkosini njalonjalo; ngiyaphinda ngithi: Thokozani. Ukubekezela kwenu akwaziwe ngabantu bonke; iNkosi iseduze. Ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngokukhuleka, nokunxusa kanye nokubonga. Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakulondoloza izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, isonto lethu lanamuhla liyisonto lokugcina lesikhathi seAdvente, lilandulela umkhosi wodumo olukhulu othokozelwa ngabantu bonke, umkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi yethu uJesu Kristu, ngentokozo eyehlukene abanye bathokozela ukubonana bephumule kukade bagcinana abanye bathokozela ukuphana izipho ezinhle, nokuhlala kahle bephumule, kodwa thina makholwa,

sithokozela ukuthola umusa wokuphiwa umntwana wasezulwini azalelwe thina, abe nathi, abe seduze, eyiqhawe elisikhulula kuso isono nokufa, kuzo zonke izinkinga ezesabekayo. Ngakho izwi lephistola lanamuhla lisinika induduzo enhle nenkulu ethi: **"Thokozani eNkosini njalonjalo!"** ngokuba

1. ukubekezela kwenu akwaziwe ngabantu bonke;
2. uJesu uyiNkosi eseduze nathi;
3. ukuthula kwakhe kugcina izingqondo zethu.

1. Thokozani eNkosini njalonjalo! **Ukubekezela kwenu akwaziwe ngabantu bonke.** Bonke abakholiwe nabangakholiwe, kuyinto enzima lena eshiwo yiphistola lanamuhla, ugula ubekezele, ulambile ubekezele, webelwe, ulahlekelwe ubekezele, uphofu ungenalutho ubekezele, wethukwa, wedelelwa ubekezele, uphinde ubekezele. Nguye ongiqalile, wangethuka, kuzothiwa ngiyigwala, cha, ungasho njalo, kodwa bekezela, abakwazi abantu bonke ukuthi uyikholwa, awuguquki, awushitshashitshi, isimo sakho njengonwabu. Akuvamile kongaswele, kodwa nakuye, musa ukuzibeka phezulu, usaphaze ngokupha, uzishaye isifuba, ufuna udumo lwakho, uphe ngokuthula okufundisayo ungaqoneli abanye nalokho onakho, kuhle noma kubi bekezela njengoJobe wasemandulo owathi esenkathazweni enkulu wabekezela wathi: "Siyokwamukela okuhle kuphela kuNkulunkulu, singemukeli nokubi na?" Jobe 2:10. Ngake ngambona ebandleni lakithi owesifazane owahlangabezana nenhlupheko efana nekaJobe, walinyalelwa ngumyeni wakhe ngengozi enyatisa umzimba washona ujugu, kangakapholi maseko kwalandela kwalandela abafana bakhe ababili ngengozi yezimoto ezahlukene, omunye kwaba yisithuthuthtu, omunye wadilika phezulu endlini ende kakhulu, kodwa abahonanga bobane labafana, kodwa asizange sezwa lutho, esakubonayo ukuqina kwakhe kakkhulu ekukholweni kunakuqala, kanti vela wayeyikholwa eliqinile. Ngiyakhuluma lendaba, ngoba akasekho, sewashona nje ngamanje. Izwi lethu libiza kithi ukuthokoza okunjalo kokubekezela lithi

2. Thokozani eNkosini njalonjalo, **ngoba iseduze nathi!** Lelizwi elithi: INkosi iseduze nathi ngazo zonke izindlela nangazo zonke izikhathi, kungabi ngohlangothi olulodwa kuphela, iseduze nathi ngezigaba zonke, nangezindima zonke. Amakholwa okuqala kakhulu abaphostoli kungathi bacabanga kakhulu ukuba seduze kweNkosi ukubuya kwayo izokwahlulela abahambayo nabafileyo, yebo, kunjalo iseduze ukubiza lelo nalelo kholwa, nalowo

nalowomuntu ukuphela kwezinsuku zakhe, kodwa kungagcini lapho. Kunjalo njengokusho kukaJakobe 5:8, ngoba ukufika kweNkosi kuseduze; ozayo uyeza akanakulibala, njengokushiwo kumaHeberu 10:37. Bayakuyibona iNdodana yomuntu iza efwini inamandla amakhulu nenkazimulo. Nxa nibona lezozinto zenzeka yazini, yazini, nibone ukuthi umbuso kaNkulunkulu useduze. Isuke iseduze iNkosi, uma ikholwa, ilibiza, ilisusa kulomhlaba, ilisondeza kuyo, iseduze nalo. Kanti futhi, thina makholwa anamuhla sikhumbula kakhulu esikhathini seAdvente ukufika izalwe ezinhliziyweni zethu nje. Ngalokhu yazalwa eBetlehema, izalwe futhi ngokusha ezinhliziyweni zethu ngolwesihlanu, mhla ka 25, seluseduze lolusuku. Ake silulindele, sicele ukuba izalwe futhi kithi ngokusha, izinhliziyo zethu zibe nentokozo nenjabulo enkulu, nokubonga ukuthi ibizo layo nesithembiso sayo isasigcina, ukuthi: "INkosi inathi." Yathembisa, yathi: "Bhekani, mina nginani izinsuku zonke, kuze kube sekupheleni kwezwe." Asisho sithi: "Imanuweli, Haleluya!" Yiba nathi, Nkosi, ngaphandle kwakho singephile, singefinyelele ndawo. Ngakho yiza kithi, izicelo zethu mazaziwe nguwe ngokukhuleka nangokunxusa kanye nokubonga. Uyazazi yini uNkulunkulu izicelo zethu na? Kaningi wazi izinkonono zethu, nokubalisa, yikho okuvamile, ukucela nokunxusa, nokubonga akukho. Kwakunjalo nasebandleni lakwaIsrayeli. Lamuhlupha uNkulunkulu nomholi walo uMose ngokukhonona. Nathi sinjalo, sithi: Safa yindlala, yisomiso, yilesiya nalesiya isifo nenhlupheko ethile, size sibingelelane ngayo, sibuzane impilo ngayo, Siyaphila. umkhuhlane, siyaphila, yisomiso; wawu! Libalele bo. UNkulunkulu akazi asimtsheli, asiguqi, sicele kuye. Ufunelani uNkulunkulu, sicele kuye? Uyancengwa, noma uyakhohlwa na? Cha, uNkulunkulu uyabapha bonke nabangaceli nabangaboni, lapha uNkulunkulu ufuna ukuqinisa thina makholwa ukuthi uma semukela isipho, sisamukele ngokubonga, sazi ukuthi uzwile isicelo sethu, kuvela kuye, siqiniseke ekukholweni, yilesi isidingo sokucela, nokunxusa, nokubonga, ukuba bazi ukuthi akuziveleli nje, kuvela kuye, ngoba sicele kuye.

3. Thokozani eNkosini njalonjalo, **ngokuba ukuthula kwayo kuyadlula ukuqonda konke,** kulondoloze, kugcine izingqondo nezinhliziyo zethu ukuthi yena ongonanga, ongenacala uze ukuba necala ngenxa yethu. Lokhu kungaphezu komqondo wesintu sonke komhlaba wonke. Akesikwamukele ngokuthula, ngoba sikuphiwa nguye asikwamukele ngokukholwa ukuqonda. Ukuqonda lokhu kungokwethu ngokukholwa ukuthula asipha khona, kwenzelwe thina kungokwethu ngokukholwa yikho. Ake sithokoze ngomntwana oseduze ozosipha ukuthula. Kuphele ukwesaba nokukhala novalo lwesono, uma sisondela kuye ngenhliziyo ezisolayo

nedabukileyo, amagqubu nenzondo nomona, nokuthalelisa sihlukane nakho. INkosi iseduze, izozalwa kithi ngokusha. Ake izalwe kithi ngokusha nganomhla ka 25. Ake silungise izinhliziyo zethu, zingaminyaniswa ukuminza nezinjabulo ezinhlobonhlobo yendlule iNkosi ingazalwa kuzo, njengalokhu kwenzeka eBetlehema yayozalelwa emkhombeni, ngoba kwakuntulwa endlini yezihambi. Masilungise izinhliziyo zethu, zilungeselwe ngentshumayelo yezwi lakho ngomusa wakho ukuyamukela iNkosi ngentokozo enkulu. Amen.

9. Umkhuleko: Baba, siyabonga izwi lakho eligcwebileyo, siyacela ukuba uMoya wakho oNgcwele asifundise ukuba sisho sithi woza Jesu Nkosi yethu, uzenzele indawo phakathi kwethu ukuba sandise udumo lwakho, siqiniselwe ekukholweni ukuthi sizalelwe uMsindisi, onguKristu, oyiNkosi ethu, iNdodana yakho, ephila, ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele, uNkulunkulu oyedwa ophilayo. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 33/36

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2003 ngu-A. N. Ntuli.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.